UMandu wayenza iBanga lesi-4 eGreenway okuyisikole samabanga aphansi esiseThekwini. Wayengumgijimi onekhono, ehlala ezilolonga zonke izinsuku.

Abantwana babelokhu bemgcona ngoba engenazo izicathulo zokugijima. Wayefisa ukuba nazo ngokuthi izinyawo zakhe ngoba izinyawo zakhe zazilimala, ikakhulu uma ilanga lishisa. Wayengakuthandi ukuhlekwa ngabanye abantwana.

Ngomunye uMgqibelo uMandu wathatha imali ayeyongile waya esitolo sezinto zemidlalo edolobheni. Wathi uma ezibona izicathulo waphatheka kabi, ngoba yayingenele ukuzithenga imali ayeyiphethe.

UNkk Masondo, umninisitolo, wakubona ukukhathazeka kwakhe ekubona emehlweni. "Uma unganqoba umjaho, ngingakupha izicathulo zokugijima," kusho yena. "Kodwa uma unganqobi, kuzodingeka uzikhokhele," esho emamatheka nokho.

"Awu, Ma'am, ngiyabonga kakhulu! Ngizozilolonga nsuku zonke ngiqiniseke

Lwafika usuku olukhulu, uMandu wayethukile ngenkathi efika emgqeni okusukelwa kuwo.

Kodwa kwathi uma esuka sekugijinywa wakhohlwa wukwethuka.

Wagijimisa okomoya, wayokweqa umugqa wokunqoba ebashiya kude ayegijima nabo.

"Nginqobile! Nginqobile!"
kumemeza yena ngentokozo
enkulu, ebuka izicathulo ezinomlingo
okwasekungezakhe.

Kwathi uma indlovu ithi iqukula ikhabe, Hhawu! yalizwa likhuluma. Yalalelisisa indlovu. Yimihlola le! impela liyakhuluma ikhabe! Kufanele inkosi yezilwane isibone lesi simanga.



